e

A rTT TSy e

%

Â§ s

T

2 e

2

;

57
Sl
2
i

N

IMBIZA YEMPILO

e Ibhande
e lzinso
e Amathumba
e Ushukela
e Ukukhathala
e Isikhumba esibi
e Ukuncipha komzimba 4
e lvula inhliziyo 5 e
e Inyusa amasosha Wiz yEnlly
UTHOLAKALA KWABOXER o

NASEMAKHEMISI

= 082 573 5443 35055

PRICE: RS,BD incl VAT - KwaZulu-Natal & E/Cape

(UGAMBU WAMI AR )

Switchboard 031 - 334 6700 - Classified Advertising 031-334 6777 - Fax 031 337 9821
www.ilanganews.co.za - www.ilanga.mobi

ILANGA HELPLINE: UMA UNENKINGA NGOKUTHOLA ILANGA NELANGA LANGESONTO SISHAYELE KULE NOMBOLO: 031- 334 6775 PHAKATHI: KUKA - 08H00 NO -16H00 PHAKATHI NESONTO.

r, LG 2

# Isihoshwa sigola abaculi ngoMandela

Kunezinsalo zokuthi sisebenza nojele abathile

SIBAQEDILE abaculi nosaziwayo isiboshwa esidonsa udilikajele ejele laseWatervaal, esifonela amaciko sizibize ngeNkosi Mandla Mandela engumzukulu kaMnu Nelson Mandela (ongasekho), bese sibagola izimali ezishisiwe sibathembise

izulu nomhlaba.

| ISITHOMBE:

SITHUNYELWE

â\200\224 bdlplet=]al=

KWELANGOLWESINE nicelwe ukuba niphawule ngodaba Ilwesisebenzi esilaxaze umsebenzi ngoba sicikwa yinkohlakalo. Nanka ama-8SMS enu!

UMGOHAFAZO

BAYIQEDILE othishomkhulu imali ezikoleni.

SMS

ILANGA UBULAWA wumona

nokungamukeli ukuthi

UMTHETHO mawenze
umsebenzi wawo ngoba

ZAMA, siyabonga
ngesibindi osikhombisile

34351

&

swa izindonga.
dat 3

5kt mno 6
B  imali yabakhokhintela.

02 suh

Uhulumeni kawuboni futhi kawulandeleli. Kuthengwa abantu babhalansise amabhuku. Uthola ukuthi isikole kasinazincwadi futhi asilungi-

Mhla ingenile imali, ubona ngosihlalo esikoleni. Yaphela

Khanyisani B. Mgwebu,

simehlulile isikhundla. Akazicabangeli nezingane zakhe. Sakhile Nxele,
ESIKHAWINI

LESI yisihlava esibheke-

Ine nezikole eziningi ngoba imali iyadliwa futhi abazali abaningi kabatshelwa lutho ngesimo sezimali. Philile,
ETHEKVVINI

UMHLOLI kufanele

achaze ukuthi yini ayenzi-
le ngesikhathi ethola imibiko -
yokuthi kukhona okungaha-
mbi kahle. Nomfundo
Sikhakhane, EMLAZI

INKOHLAKALO idla lubi

ezikoleni ngoba athisha-
nhloko bazi ukuthi vele
abazali abaningi kabafundile
futhi kabazi lutho ngoku-
ngena nokuphuma kwemali

yesikole.
Makwenziwe uphenyo ngoba
phela nangu nothisha
unobufakazi futhi akazifihlile.
Londi

. weLANGA

wubugebengu phela lobu,
kuyadingeka kube khona
abathathelwa izinyathelo ezi-
bafanele. PL Magwaza,
EMPANGENI

KAZI thina siyophelelaphi

ngempela ngoba konke
okwethu kakulungi. Imali
yimpande yesono. Umfundi

sokuveza inkohlakalo eqhube-
kayo. Siyethemba ukuthi
uhulumeni uzolusukumela
phezulu daba. Mzamo,
EMZINYATHI

/I BONKE abathintekayo
ezenzweni

zenkohlakalo kufanele babhe-

kane nengalo yomthetho nje

kwaphela. A Mazwi

UMBIKO ochitha imayini ehlongozwa kwesaKwaMthethwa uthunyelwe emnyangweni ka-Adv Ngoako

â\200\230Ramathlodi.

TYASHAYISANA imibiko yochwe-
pheshe ngodaba oselususe olukhu-
lu uthuthuva mayelana nemayini

yamalahle ehlongozwa yinkampani
IButho Coal eFuleni, kwesaKwa-
Mthethwa, eMpangeni, enyakatho-
mpumalanga yeKwaZulu-Natal.
Izinhlaka ezahlukene okukhona
ezimele umphakathi othintekayo
nezibhekelele ukongiwa nokuvike-
lwa kwemvelo, zithumele imibiko
eMnyangwezi wezokuThuthukiswa

koMnotho, ezokuVakasha nokoNgi- f

wa kweMvelo KwaZulu-Natal, zi-
phendula uhlaka lombiko wocwa-
ningo ngokuthinteka kwemvelo -
olubizwa nge-Environmental Impa-
ct Assesment (EIA) - endaweni
okuhlongozwa ukumbiwa kwama-
lahle kuyona.

IButho Coal ligashe iJacana
Environmental CC ukuba yenze
i-EIA. Umbiko weJacana Environ-
mental - ewuphothule ngoNhlaba
(May) nonyaka - uthunyelwe eMnya-
ngweni wezokuThuthukiswa ko-
Mnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa
kweMvelo, wakhishwa lulunye ku-
Nhlangulana (June) ukuze umpha-
kathi uphawule ngawo.

Isazi sezomthetho wezemvelo,
uNkz Kirsten Youens, weYouens
Attorneys emele izinhlangano

Press
Councll

ILANGA lihambisana
nesï¬\202nphu seSouth Afnnan Press code esithi

zinobulungiswa futhi zlbeka zonke mnhlangdï¬\202n
Uma nalesi sib
ungaxhumana nolVixazululi wezokuShicilela kwethi:
011 484 3612/8 noma nge-fax kwethi:
011 484 3618.

mbiko othunyelwe yiYouens Attorneys.

Kushayisana imibiko yochwepheshe

EZEMVELD: Lutho isixazululo ngodaba lwemayini

UNKZ Kirsten Youens weYouens Attorneys osayinisa UmBhIShObhl Desmond

Tutu okuthile -
wa kwemayini kwesaKwaMthethwa.

ezingenzi nzuzo, ezisebenzisana
nomphakathi waseFuleni - ezinga-
hambisani nokwakhiwa kwale
mayini - isiphendulile, yathumela

umbiko oyichithayo emnyangweni.

Icacise ngezizathu zokuthi ku-
ngani kufanele ingakhiwa le mayi-
ni.

Ezinhlanganweni ezimelwe yi-
Youens Attorneys, kukhona iGlo-
bal Environmental Trust (GET),

Thola ibhande
lesalamuzi, imilingo
ucebe, ubenezitolo,
amatekisi uhlonishwe,
nemfuyo yande ibe
ningi, winailotto
necasino. o
siyaposa khokha jÂ§,
˜ sekulungile

Â£ 071 490 0998

inkampani yakhe imele izinhlangano ezingahambisani nokwakhi-

yiGroundWork neMining Affected
Communities United in Action
(Macua).

Embikweni ongamakha51 anga-
ma-70 - ILANGA elinayo ikhophi
yawo - ulNkz Youens ucele ngoku-
semthethweni uMnyango wezoku-
Thuthukiswa koMnotho, ezokuVa-
kasha nezeMvelo ukuba usichithe
isicelo sokwakhiwa kwemayini
kule ndawo.

Uthi ucwaningo IweJacana Environmental kalwenelisi, kukhona lapho luphambana khona nomthetho olawula ukuqhutshwa kwe-EIA.

Uthi futhi lukhombisa ukuchema nabemayini ehlongozwayo.

Umbiko kaNkz Youens uthunyeIwe nakuNgqo-

ngqoshe wezokuMbiwayo, u-Adv Ngoako Ramatlhodi, nakuNgqongqoshe wezaManzi nezeMvelo,

uNkk Edna Molewa.

IButho Coal lisolwa ngokuthi selinesikhathi eside ligalile ukusebenza endaweni lingaxhumananga nomphakathi.

Imihlangano yomphakathi nale nkampani - eminye yayo ebishubile - kuthiwa ize yaba khona ngonyaka odlule ekubeni ifike endaweni eminyakeni engaphambili kwalokho ngesikhathi isayohlola ilahle phansi. :

I-Centre for Environmental Rights and Lawyers for Human Rights, ithi kufanele kuxhunyanwe

- nomphakathi ngemayini ehlongo-

zwayo zisasuka amagqozo. Ithi emuva kokuba inkampani efuna ukuvula imayini isithole

imvume yokuhlola indawo, kufa-

nele umphakathi ubandakanywe.

Omunye umbiko ophikisa ukwakhiwa kwale mayini ngowezeMvelo KZN Wildlife (EKZNW) okuyinhlangano ebhekene nezokongiwa kwemvelo engaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo kulesi sifundazwe. ’-EKZNW inxusa umnyango ukuba uyalele iButho Coal ukuba lihoxise isicelo salo.

Embikweni we-EKZNW osayininwe yisikhulu esiphezulu esibambile, uDkt David Mabunda, kuvela ukuthi uma le mayini ingakhiwa kungakhinyabezeka kakhulu imvelo nomphakathi.

Okwenza i-EKZNW ingayizwa
nhlobo indaba yemayini, wukuthi
indawo iButho Coal elifuna
ukuyakha kuyona isondelene ka-

khulu nehlane elinomlando wemi-

nyaka eminingi ngaphakathi esiqi-
wini, iHluhluwe Imfolozi Park
(HIP). Leli hlane liyikhaya lezilwa-
ne eziningi ezahlukene okungafa-
nele ziphazamiseke.

I-EKZNW ithi uma ingakhiwa
imayini kule ndawo, yonke imvelo

Iiiiivieses

T

44

THOMBE NGA ] CIAL.CO.ZF

NOMNYANGO wezaManzi nezeMvelo oholwa nguNggonggoshe Edna Molewa uwuthollle lo

ekhona izokhinyabezeka ngenxa
yomsindo, yizintuli nokukhanya
kwamalambu okuzobe kughamuka
kuyona.

Ngaphansi kohlaka Ilwe-Enviro-
nmental Management Plan ye-
Butho Coal, kuthiwa leli hlane li-
ngenziwa kwenye indawo ngapha-
kathi esiqiwini, kodwa abe-
EKZNW bayakuchitha lokho.

Le mayini ichithwe nawumbiko
kaMnu Rod Bulman wePhelama-
nga (PTY) Ltd, okuyinkampani ebi-
cwaninga ukuthi kuxhunyanwe
ngendlela efanele yini nomphaka-

" thi okuzokwakhiwa endaweni
yawo nozothinteka ngenxa yale
mayini.

Kulo mbiko kuvela ukuthi
uhlelo lokuxhumana nomphakathi
kaluhambanga neze kahle.

Nakuba ike yaba khona imihla-
ngano kodwa kulolu phenyo kutho-
lakale ukuthi imiphakathi ethinte-
kayo ibingamelelekile ngokufane-
le.

Kuyavela futhi nokuthi kwezinye
izindawo zemiphakathi ethinteka-
yo kayizange ibe khona imihlanga-
no.

Kule mihlangano ebe khona, ku-

tholakale ukuthi kuningi ukungaqondi ngenxa yokuthi abantu abaningi endaweni bakhuluma isiZulu kanti abengekho amaphepha anele acacisa ngalolu limi nangendlela elula umphakathi obuzoshesha uyiqonde.

Embikweni kaMnu Bulman, kuvela ukuthi izinto ezikhathaza umphakathi nezinye izinhlaka ezithintekayo, kazibhekwanga ngokwanele noma ziphendulwe kahle yinkampani yemayini.

Njengamanje sekubhekwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo ukuba ucubungule le mibiko bese uthatha isinqumo okulindeleke ukuba usikhiphe ungakapheli uMfumfu (October) nonyaka.

bhekin@ilanganews.co.za

Sibagedile abaculi isihoshwa
esigola ngegama likaMandela

EZOMPHAM AT Besibathembisa ukubenzela imicimbi emikhulu

SIBAQEDILE abaculi sibagola
imali eshisiwe isiboshwa okuthiwa
sizibiza ngomzukulu kaMnu
Nelson Mandela, oyiNkosi yase-
Mvezo, e-Eastern Cape, uMandla
Mandela.

Uphenyo lweLANGA luthole
ukuthi uJimbosi Cele oyisiboshwa
esidonsa udilikajele ngecala loku-
bulala uyiqedile imali yabaculi
ebaqola yize evalelwe ejele iWa-

tervaal e-Uitrecht enyakatho-ntsho-

nalanga yeKwaZulu-Natal.

Lesi siboshwa sinezinombolo
zezingcingo zabaculi abadumile
ikakhulukazi abacula umculo wes-
intu.

Leli phephandaba lithole uku-
thi sifonela abaculi sizibize nge-
Nkosi Mandela sibanxusa ukuba
bathumele i-quotation efe-stiveli
esithi ihlelwa eQunu, okuyilapho
kunomuzi kaMadiba.

UJimbosi ughamuka ngezindle-
la ezahlukene kubaculi njengoba
abanye ebathembisa ukuthi
uzobahlelela imicimbi yokwe-thul-
wa kwa-albhamu abo amasha,
abuye athi unenkampani
yokuqgopha abaculi, kumele ba-
mnike ama-CD ukuze abasize.

Abanye babaculi sebelahleke-
Iwe yimali beyifaka kwaShoprite
ngoba ethi ufuna ukubenzela izi-
nhlelo ezithile.

Kunezinsolo zokuthi usebenza

nabanye ojele ngaphakathi aba-
khipha imali.

Abaculi abaningi bayavuma
ukuthi bebethola izingeingo kulo
muntu ozibiza ngeNkosi Mandela
acele ama-quotation ngoba ethi
kunefestiveli abazogashwa kuyo-
na. -

Kuthiwa kugewele nama-CD
abaculi ejele awaqogayo esebe-
nza nabanye ukuze athole eminye
iminininingwane ngemisebenzi ya-
baculi abaqgolayo.

Kuvela nokuthi useke wafonela
abanye ezibiza ngomfowabo kaMt-

- shengiseni â\200\234iNdidaneâ\200\235 Gewensa
(osanda kushona) ethi ucela
afakelwe imali ngoba ziyadliwa
izimoto zeNdidane ebezingaqe-
deliwe ukukhokhelwa.

Kuthiwa nangesikhathi kuvele
izindaba zokudlula emhlabeni
kweNdidane uxhumane nabanye

INKOSI Mandla Mandela noyisemkhulu uMnu Nelson Mandela.

ethi uzoyisa izinkomo ezili-10
kwaGcwensa kodwa wageina
engakwenzanga.

UKhuzani â\200\234iNdlamlenzeâ\200\235
Mpungose uthi ugale ukufonelwa
yilesi siboshwa ngowezi-2012 sisa-
boshwe eWestville, entshonalanga
yeTheku sithi kunabantu abafuna
ukumbulala sicela afike sizomkho-
mbisa i-video ewubufakazi eveza
izinkabi zakha uzungu lokuthi
abulawe.

â\200\234Ngiyile kulo muntu wathi seku-

Wema kuthiwa omasikandi
bayizimpatha yini?

kaningi ethengwa nguMjikijelwa
Ngubane ukuba ngibulawe ngoba

singahoshelani ngokomculo. Uthe

usebonile ukuthi makakudalule

lokhu ngoba vele useboshiwe, kuk- -

hona abasasele ngaphandle abesebenza nabo abazosuke baghubeke bangibulale.

"Uthe lo muntu kodwa ucingo olunale video kalukho kuyena likomunye ujele okumele ngimkhokhele u-R8 000 ngiwufake kwaShoprite bese ngihlangana naye kwenye indawo sibone le video kodwa ngeke sibonane nalo jele uma ngingakayifaki imali.

"Ngiqale lapho ukusola ngavele ngahamba unomphelo.

"Kulo nyaka ngifonelwe ngomunye umuntu engithembisa ukuthi

SIS

ILANGA
ELELY

PHAWULA
SIZWE...

UTHINI umbono wakho ngalolu daba? Thumela i-SMS ugale ngegama elithi JIMBOSI nombono wakho bese ufaka igama lakho nendawo ohlala kuyo ku: 34351. Esihlabe umxhwele izoshicilelwa ephephandabeni ILANGA langoLwesine.

|-SMS ibiza u-R2.

uzongenzela isiphihli somcimbi wokwethulwa kwe-albhamu yami eNkandla ngoba uyangithanda.

"Kuningi angithembise khona okubalwa ukungipha amatekisi amabili ngoba ethi uyisigwili. Wayesho nokuthi baningi abaculi abasizile ngezimoto wabala noFikile Mlomo nabanye abalingi-

sa kumabonakude ebagagula nga-
magama,â\200\235 kusho uKhuzani.

Uthi ugcine esebonile ukuthi
kusengwa ezimithiyo. Okunye athe
kumsolisile wukuthi lo muntu
akatholakali uma umfonela, kuba
nguyena okufonelayo ngezikhathi
ezikhethekile.

UDlubheke Khuzwayo uthi uzi-
yele mathupha ejele kulo muntu
obemthembisa ukumenzela umei-
mbi omkhulu amuphe nekhumbi.

â\200\234Ngathi uma ngifika ejele wathi
bekuyisifiso sikayise ukuba ange-
nzele umcimbi ngoba wayengi-
khonzile manje usebonile ukuthi
makafeze isifiso sikayise.

"Ngiqale ukuyisola le nto ngoba
sengitshelwa nguKhuzani ukuthi
mangivele ngikhohlwe ngoba naye
wayethe uzomenzela umcimbi
esho usuku olufanayo nalolu abe-
mthembise lona.

"Lo muntu uvele athi uboshiwe
kodwa wonke amabhizinisi kayise
asele kuyena, kunomuntu owa-
bhekile,â\200\235 kusho uDlubheke.

UMfiliseni Magubane uthi
ulutholile ucingo lomuntu othi
unguMandla Mandela kodwa
ngeke aphawule kakhulu ngoba
akusaphephile ezweni kodwa ka-
yikho imali ayikhiphile ngoba ube-
salindele lo Mandla Mandela ngo-
xhaso amthembise lona.

â\200\234Kuyangidida ukuthi uma lo
muntu usejele luvunyelwa kanjani
ucingo lungene ngaphakathi.

"Akukho engizokuphawula
impelaâ\200\235 kusho uMfiliseni.

UQhoshangokwenzakwakhe
Sibisi uthi ufonelwe yilo muntu
ethi usebenza kakhulu nomasipala
uzomgasha amenzele umÃ©imbi
omkhulu.

â\200\234Loo muntu ngithe uma ngi-
mtshela isamba semali engiyibi-
zayo uma ngiyocula wathi mangi-
yiphinde noma kathathu ngingesa-
bi.

"Ngisole uma engafuni sihla-
ngane sixoxe,â\200\235 kusho uQhosha.

Kusolwa nokuthi nguyena uJi-
mbosi osebenzise igama lomsakazi
woKhozi FM, uBheka â\200\234Beekayâ\200\235
Mchunu ethi abaculi mabafake
u-R3 000 kwaShoprite uma befuna

izingoma zabo zidlalwe emsaka-
zweni.

Abanye abaculi asebafonelile uJimbosi kubalwa iNdodakazi yeNtandane, uPhuzekhemisi, iHhashi Elimhlophe, uMjikijelwa, Izingane Zoma, uMdumazi, uNelisani Mseleku, uMthetho-wakhe Langa, uCevuzile, uShwi noMtekhala nabaningi abanga-thandanga ukuphumela obala.

Omunye umthombo ocele ukuba ligodlwe igama lawo, uziyekele mathupha ejele wafika wabuza kuJimbosi ukuthi kungani esebe-nzisa elinye igama ejele kodwa ngesikhathi efona asho elinye.

"Wathi uma ngifika ejele ngicele uwJimbosi Cele futhi nakwisigqe-bhezana asifakile seziboshwa ku-bhalwe lokho.

"Uthe usebenzisa leli gama ngo-ba ubalekela izitha okungenzeka ziyomsoconga ejele yingakho engalisebenzisi igama lakhe langempela okuyileli angitshele lona ngesikhathi engifonela,â\200\235 kusho umthombo.

Ithintwa ngalolu daba iNkosi Mandla Mandela izwakalise uku-shaqeka yathi lokhu bekungaka-finyeleli ezindlebeni zayo.

â\200\234Ngiyacela amaphoyisa aluphe-nye lolu daba ukuze kungangcoli igama lami nelesizwe engisihola-yo,â\200\235 kusho iNkosi Mandela.

Okhulumela uMnyango wezoku-Hlunyeleliswa kweziMilo Kwa-Zulu-Natal, uMnu Thulani Mdluli, uthi bayaqala ukuzwa udaba olu-fana nalolu.

â\200\234Sizoluphenya lolu daba. Besiba nemikhankaso yokuxwayi-sa abantu ngamaqola, siyacela ukuba abantu basize bawavule amacala ngokunjalo naamaphoyi-sa sengathi angalekelelana nathi,â\200\235 kusho uMnu Mdluli.

Ngokuthola kwaleli phephandaba akekho umculi obesavule icala emaphoyiseni.

UMfiliseni ubuza indaba yokuthi umakhalekhukhwini ungena ka-njani ejele nje, sekuke kwavundu-lulwa inqwaba kwamanye amajele.
mthobisis@ilanganews.co.za

wami ngesizotha.

- Rakong Mogabalane -
â\200\234Ngiyazighenya ngokungcwaba umzala

Kubaluleke
kakhulu lokho emasikwent ethu.â\200\235

(Ubufakazl bangokoqobo)

| â\200\234Ngingakhava abant
abangafika ku 13w
Funeral Plan yamiâ\200\231

e |gala ku R110 ngenyanga
# |khokha phakhathi kwamahora angu 24
e Uthola i-airtime ka R200 mahhala uma ufaka I- clas:
hlangamsa imali yokubeka itshe neg[osa |

Clientele

FUNERAL DIGNITY PLAN

Smsa â\200\230COVER,

Â«w 49221

iSMS ibiza imali ejwayelekile

www.clientele.co.za
www.clientele.mobi

Kunemâ\200\230gomo nemibandela.

abahlinzeki bezinkonzo bezimali abasemthethweni

|14

e gl
;

T T

f

e eâ\200\224â\200\224â\200\224 S â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224

2 2SS

e e i S o et

EZEPOLITIKI:

IGUJWE ezindaweni ezahlukene inyanga yabesifazane njengoba izolo ngeSonto iNkatha Freedom Party IFP) ihlanganise abesifazane baleli gembu eManzimtoti eningizimu yeTheku ngenhloso yokuhlonipha igalelo labo eqgenjini.

Lo mecimbi ubuhanjelwe wubuholi be-IFP. UMengameli we-IFP iNkosi Mangosuthu Buthelezi uthi leli gembu kalikaze lingabaghakambisi abesifazane. Uthi njengoba i-IFP igubha ukuhlanganisa iminyaka engama-40 isebenzela isizwe, leli thuba lokuhlonishwa kumele linikezwe abesifazane ababe yizandla nezinyawo zeqge-mbu ukuze liye phambili.

â\200\234Abesifazane esinabo benze igembu laba yilokhu eliyikhona namhlanje. Kasikwazi ukuthi le nyanga siyishaye indiva ngoba kumele sikhumbule ukuthi ngowe-1975 kunabesilisa nabesifazane okuthe zingama-21 kuNdasa (March) bathanda izwe nesizwe

wa imhokodo

Ighaza layo liyohlale likhunjulwa

-l

} N i
ISITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA

UMENGAMELI weNkatha Freedom Party iNkosi Mangosuthu Buthelezi igubha

inyanga yabesifazane naleli gembu. Ubexhawula uNkk Millicent Zikalala.

sakubo babuthana KwaNzimela, KwaZulu. Nangesikhathi isungulwa iNkatha bekuyinto eyaziwayo ukuthi abesifazane bazobamba ighaza emsebenzini wayo. Ngifisa ukuhlonipha abaholi besifazane abebekhona KwaNzimela ngaloluya suku.

"Ngaleso sikhathi besineminyaka engama-65 sicindizelwe, bonke

abantu belwela ubuzwe babo. Ighaza lenu ekwakheni iNingizimu Afrika liyokhunjulwa ngisho emi-nyakeni ezayo,â\200\235 kusho iNkosi Buthelezi.

## UPHUMELA OBALA 'NGOKUXOSHWA' EMZINI KAMENGAMELI UMANTULI- ZUMA

USEZE wabhoboka uNkk Nompumelelo Zuma, uMaNtuli oyinkosikazi kaMengameli Jacob Zuma ngodaba lokuxoshwa emndenini wakwaZuma.

Ngomlomo wabammeli bakhe, i-BDK Attorneys, uMaNtuli utshele iphephandaba lesiNgisi eliphuma njalo ngeSonto ukuthi akazange axoshwe nguMengameli Zuma emzini kodwa ukhishwe ngulNgqongqoshe wezokuPhepha, uMnu David Mahlobo.

Isizathu asinikwe nguMnu Mahlobo kube wukuthi kunodaba olubucayi umnyango wakhe olu-phenyayo. Njengamanje ubhekene nezinsolo zokuthi uyathinteka ekudlisweni kukaMnu Zuma ushe-vu, nokho uyakuphika lokho.

Okunye okuphawulwe nguMa-Ntuli kuleli phephandaba wukuthi akakaze abuzwe ngumyeni wakhe mayelana nezinsolo zokumdlisa ushevu.

Kubikwa ukuthi ubo-shiswe imi-thwalo yakhe kwaZuma ngoMasi-ngana (January) nonyaka wakho-njwa indlela nezingane zakhe ezi-ntathu ezincane.

â\200\230Etulweni lokudlisa uMengameli Zuma ushevu, uMaNtuli usolwa nosomabhizinisi owaziwayo waseThekwini uMnu Mabheleni

Ntuli okubikwa ukuthi ungumnga-ni kaMaNtuli. Ephendula uMnu Ntuli, uvumile ukuthi uke wapho-nswa imibuzo kodwa wengabile ukwenaba ethi leli phephandaba lesiNgisi malibuze umnyango.

Uthi bambuze ukuthi ukuphi uMaNtuli, wathi akazi. Ngokusho kwakhe, kabakaze bambuze ngetulo lokudlisa umengameli ushevu. Uthe kungani yena noma uMaNtuli engadlisa umengameli, wathi baningi abantu abamphekelayo.

Uthe umengameli unezindawo ezintathu adla kuzona.

â\200\234UMaNtuli akayena udadewethu, wethulwa kimina nguyena uZuma (umengameli). Ngisuka kude noZuma,â\200\235 kusho uMnu Ntuli.

Njengoba esexoshiwe uMaNtuli emzini, kubikwa ukuthi uhlala eMgungundlovu.

Emasontweni amabili edlule elinye iphephandaba lesiNgisi nalo eliphuma njalo ngeSonto, libike ukuthi sekuseMome ukuthi

aboshwe uMaNtuli ngezinsolo zokuthinteka etulweni lokudlisa -uMengameli Zuma, kodwa embikweni wakamuva kuvela ukuthi amaphoyisa kawanayo inhloso yokumfaka ejele, kuphela kuzanywa ukuthi aphendulwe ufakazi wombuso.

aworen

LEASING LAUNCH FOR

e S b

Ballito Junction is being expanded to a 65 000m2 regional

mall, with the newly developed centre open for trading in

April 2017 .

The retail leasing launch for this significant retail projedt will be held on Thursday, 10 September. If you wish to attend, kindly register your interest by emailing info@fgprop.com.

Access by invitation only.

’ Nl R ]
TION R

c menlyn maine

el

WOOLWORTHS

3 Edgars

Flanagan

NAL MALL

EicknGle

Inspired by you

Gerard

Property Development & Investment

Disclaimer: This document is for information purposes only and does not constitute an offer

S RS

SARER AN

T